



The Office Of The Principal and Vice - Chancellor

**USOLWAZI MANDLA MAKHANYA, UTHISHANHLOKO NESEKELA-SHANSELÀ
UKWAMUKELWA ENYUVESI YASENINGIZIMU AFRIKA: INGQUNGQUTHELA
YOKUFUNDA NGOKULANDELA UHLEL OLANDISA AMATHUBA 2018
E-UNISA, EKAMU I-MUCKLENEUK**

5 – 7 KUMANDULO 2018

- Ababambisene ekwengameleni lolu hlelo:
 - USolwazi Mpine Makoe, UMqondisi Wesikhungo Sase-Unisa Sokufunda Kwebanga Nangokokuxhumana Ngekhompuyutha (i-IODL) noMongameli We-DEASA
 - USolwazi Daniella Coetzee, uMongameli weNADEOSA NoThisanhloko WeKamu LeNyvesi YaseFreystata EliseNingizimu
- Iphini LikaNgqongqoshe Elihloniphekile uButi Manamela, iPhini LikaNgqongqoshe Wezemfundo Ephakeme Nokuqeleshwa, eNingizimu Afrika
- USolwazi Asha Kanwar, Isikhulu Esiphethe (iCEO) senhlangano yeCommonwealth of Learning (i-CoL)

- IDini YeFakhalthi Yezemfundo eNyuvesi YasePitoli: USolwazi Sehoole
- Isikhulumi sethu esiqavile, USolwazi Michael Moore
- Izikhulu Zase-Unisa kanye Nabaphathi Bonke
- Bozakwethu abahloniphekile kusukela ezinhlanganweni esibambisene nazo kulo mcimbi kanye nezikhungo: iNADEOSA, iDEASA kanye neNyuvesi yasePitoli
- Izikhungo ezingabalingani bethu eziseNingizimu Afrika Nasemazweni AseNingizimu Ne-Afrika
- Abangani nozakwethu abakwizwekazi nabaphesheya
- Abasebenzi base-Unisa
- Ababaluleke kunabo bonke – izitshudeni zethu ezivela kuphi nakuphi ukuzoba kanye nathi lapha

Nginamukela nonke ngenkulu imfudumalo. Angazi ngiqale kuphi ukunitshela ukuthi ngijabule kanjani ukubona ukwethulwa kwezikhungo zezewekazi lethu ze-ODel, okuyizikhungo zomphakathi nezikhungo zezemfundo, iminyango nezikole kule ngqungquthela eyingqalizivele, ehlelwe ngokuhlanganyela yi-**National Association of Distance Education Organizations of South Africa (i-NADEOSA)**, i-Distance Education Association of Southern Africa (iDEASA), iNyuvesi yasePitoli - omakhelwane bethu - kanye neNyuvesi yaseNingizimu Afrika. Bozakwethu, siyakujabulela ukwengamela lo mcimbi.Uma ngijeqeza uhlelo lwethu, ngibonile ukuthi kunezithunywa ezivela kulezi zindawo (ngokungalandelansi ngezigaba ezithize ezithandwa yimi noma ngezikhundla):

- INyuvesi YaseLusaka, eZambia, kwi-Institute of Virtual and Distance Learning – iDMI eseNyuvesi yaseSt Eugene, eZambia, iMufulira College of Education eyingxenye yeNyuvesi yaseZambia, iTEVETA Zambia, iNyuvesi iNkwame Nkrumah, eKabwe, eZambia - *mwauka bwanji*

- INyuvesi yaseZimbabwe Evulelekile, iMidlands State University eseZimbabwe, Chinhoyi University of Technology eseZimbabwe, iSeke Teachers College, eseZimbabwe - *mangwanani akanaka*
- INyuvesi YasePitoli – *goeie more/good morning*
- INyuvesi YaseMozambikhi YamaKhatholika, kanye ne-Instituto Superior de Ciências e Educação a Distância, Moçambique – *bom dia*
- INyuvesi YaseNingizimu Afrika
- INyuvesi YaseNamibia, i-Namibia College of Open Learning (iNAMCOL) kanye neNamibia University of Science and Technology -*guten tag/wa lalapo*
- YiNyuvesi YaseBotswana Evulelekile - *dumelang*
- INyuvesi YaseSwazini, sibala ne-Institute of Distance Education -*kusile sihlobo sami*
- YiNyuvesi YaseLesotho Kazwelonke kanye ne- Institute of Extra-Mural Studies (i-IEMS) eNyuvesi YaseLesotho Kazwelonke- *lumelang*
- iLesotho College of Education
- INyuvesi YaseNigeria Kazwelonke Evulelekile (iNOUN), YiNyuvesi i-Ignatius Ajuru Education, ePort Hacourt, kanye noMnyango Wezemfundo Yabadala, eNyuvesi Yase-Ibadan, iFederal University, e-Oye-Ekiti - *good morning/ekaaro/ekuojomo/ina kwana/ibolachi*
- iNyuvesi YaseFreystata – *khotsong/goeie more/dumelang*
- i-African Council on Distance Education, emelwe ngo:
 - Solwazi Abdelraouf A Elbadawi – uSekela-Shansela laseNyuvesi YaseSudan Evulelekile kanye noMongameli we-ACDE - *sabah al khair*
 - USolwazi Elifas Bisanda – uSekela-Shansela weNyuvesi YaseTanzania Evulelekile - *jambo*
 - UDkt Daniel Tau – uSekela-Shansela WeNyuvesi YaseBotswana Evulelekile

- USolwazi uFather Alberto Ferreira – uSekela-Shansela WeNyuvesi
YamaKhatholika – eMozambikhi
- i-IQ academy – *good morning*
- INyuvesi yaseKabianga, eKenya - *habari za asubuhi*
- i-Ethiopia Centre yase-Unisa- *inidemini āderiki*
- iSAIDE
- iNyuvesi yaseMalawi (iPolytechnic) iSchool of Journalism and Media Studies - *tazukca bwino*(efundwa ngokuthi dazuka)
- iRegenesys Business School

Ngiyanibingeleta nonke.

Ngicabanga ukuthi nonke nizovumelana nami, makhosazana namakhosana, ukuthi senze into okumele siziqhenye ngayo. Uma ngabe besifuna ubufakazi bokubaluleka kwe-ODeL obukhulayo esifundeni sethu nakwizwekazi lethu, bukhona khona lapha, angisoze ngajabula okudlula lokhu engikujabulayo njengamanje.

Ukufunda okuvulelekile kungumkhuba okhulayo, kodwa kuqondwa kangcono ngabasebenza nge-ODeL, kuhulumeni nasemabhizinisini azimele, kuya ngezingqikithi nezidingo zabo. Nakuba kunjalo, kuvame ukuba kuvunywe futhi kwamukeleke ukuthi ukufunda okuvulelekile kwandisa ukhlinzekwa okusebenza nangayonoma iyiphi indlela kanye nokusetshenziswa kokokufundisa nokokufunda njengezincwadi ezivulelekile kanye nokunye kwezemfundo okuvulelekile ekuhlinzekweni kwe-ODeL.

Kuyinto okumele sizikhathaze ngayo kodwa-ke ukuthi kusanokudideka okukhona kwabasebenza nge-ODeL, ukuhambisana nokungahambisani nhlobo maqondana nayo kanye nobudlelwano bayo nokufunda okuvulelekile nokwezemfundo okuvulelekile (ama-OER), ikakhulukazi. Lokhu akuzange kwenzelele muntu, kanti uma umuntu efaka nalabo abahlinzeka imisebenzi

benzela inzuzo, isithombe siqala ukufiphala kakhulu. Kusaxaka kimina lokhu, isibonelo ngukuthi izifundo ezinkulu ezenziwa ngokuxhumana ngekhompuyutha, noma ama-MOOC, ziyithuluzi lokusebenza ngezindlela eziningi kakhulu futhi ezonga imali ekuhlinzekeni i-ODeL kubafundi abaningi, soze zalinganiswa ne-ODeL *zizodwa*. Mhlawumbe akufanele ngingene shiqe kulesi sihloko njengoba sisazochazwa kangcono yizikhulumi kule ngqungquthela. Ngakho-ke, kuyithemba lami langempela ukuthi le ngqungquthela izosiza kakhulu ekuqondeni ukufunda okuvulelekile kanye nokusebenza kwakho ezimweni zethu eziphathelene ne-ODeL.

Emazweni aseNingizimu ne-Afrika, ukufunda okuvulelekile kwebanga sekwande kakhulu kwishumiminyaka eledlule, kanti izikhungo eziningi eziwayelekile okubonwana ubuso nobuso kuzo seziqalile ukwethula ukufunda kwebanga kanye nezindlela zokufunda ezahlukile nezixubile. Inselele, kodwa-ke, ibe ngukuqondwa okungaphelele kwalezi zindlela zokuhlinzeka ngabafundisi abaningi ezikhungweni zethu, osekudale ukungavumelani phakathi kwezinhlobo ze-ODeL eseziqala ukusebenza; okungukuvuma okungabalulekile kwesinye isikhathi noma ukuqalwa kokusetshenzisa kobuchwepheshe obunedumela elikhulu kodwa obungelutho; ukungaqondwa kwezingqikithi zenqubomgomo ye-ODeL emhlabeni wonke nasezweni lonke; ukuqondwa okungaphelele kwenhlosombono yobuqotho bangempela namathuba e-ODeL kanye nokufunda okuvulelekile; bese kuthi ekugcineni - nokubalulekile - ukukhinyabbezeka kwezingahle lokufundisa nokufunda. Lokhu kumele kulungiswe uma sifuna ukugqama njengesifunda nanjengezwekazi.

IDistance Education Association of Southern Africa (i-DEASA) kanye neNational Association of Distance Education and Open Learning in South Africa (iNADEOSA) ziyimigwamanda yesifunda neyeNingizimu Afrika esingatha

ukuthuthukiswa kwezinga lokufunda kwebanga kanye nangokuxhumana ngekhompuyutha esifundi naseNingizimu Afrika ngokulandelana. Kunomsebenzi omningi omuhle nobambekayo owenziwayo ukuqinisekisa izingahle esifundi seSADC. Kanjalo, kulezi zinsuku ezimbili ezedlule, ozakwethu bakwa-ACDE bebesitshela ngegxathu asebelithathile ezinhlelwini zamazingahle eziholwa ngamalungu e-ACDE. Kujabulisa kakhulu futhi kuyakhuthaza ukubona osekwenziwe kulokho okubonakala njengengqinamba ekwenziweni kokuba semthethweni kweziqu ze-ODeL ezingxenyeni zezwekazi lethu - nasemhlabeni wonke. Lapha ngikhulumu ngezingahle. Bozakwethu, zonke lezi zinhlangano zisekela ukuthuthukiswa kwenqubomgomo, ukusungulwa kwemihlahlandela yezingahle nokwakhiwa kwamathuba okwabelana nokubambisana namalungu emiphambo. Lokhu kuyinto esakha phezu kwayo ngamabomu futhi kuyinto esifuna ukuyigqugquzel.

Njalo ngonyaka, izinhlangano iDEASA neNADEOSA zibamba izingqungquthela zazo zaminyaka yonke ezivame ukugxila kwindikimba ephathelene nokuhlinzekwa kokufunda kwebanga nangokuxhumana nekhompuyutha. Kodwa-ke, kulo nyaka sinqume ukwenza izinto ngendlela ehlukile ngoba sikhuthaza ukubambisana kanye nokunyusa izinga lamakhono ethu okwenza. Nakhoke - sihlangene sonke lapha namhlanje ukudingida le ndikimba kabanzi. *Ukuhlola ukufunda okuvulelekile: Umqondo wezinzelulwazi, inqubomgomo kanye nokusebenza kwakho ezinhlobeni ezahlukahlukene zokuhlinzeka.* Lokhu kungokokuqala ngokwazi kwami, kanti kuhlinzeka amathuba alinganayo kubasebenzi abasebenza nge-ODeL okuhlanganyela ukwabelana ngolwazi kanye nokuqonda kwabo nangendlela abazi ngayo ukufunda okuvulelekile, ngokwezethulo kodwa futhi nangokuxhumana, ukuba nabangani abasha nokuvuselela abahlobo abadala.

Engikuthola kuhlabu umxhwele ngale ngqungquthela, bozakwethu, ngukuthi sizozwa imibono yezifunda ezahlukene nezincike emikhakheni ethize - yonke

egxile kokuthile okupathelene nobu-Afrika. Nakho lokhu kungokokuqala, ngakho-ke masizincome kuleyo ndawo. Amaphepha azokwethulwa azoba ngaphansi kwalezi zihloko, ehiveza izindaba okuyizo ezisematheni eNingizimu Afrika nasesifundeni samazwe aseNingizimu ne-Afrika, maqondana nokwandiswa kwebanga nokufunda ngokuxhumana ngekhompuyutha:

- Ukuhlola ukufunda okuvulelekile emazingeni aphakeme ezemfundo nokuthuthukiswa kothisha
- Ukuhlola ukufunda kohlobo IweTVET, imfundo yabantu abadala kanye nokuqequesha nokufunda
- Ukuhlola ukufunda okuvulelekile ukuze kufinyeleleke kukho futhi kube khona ukuphumelela kubona bonke abantu
- Ukuhlola ama-OER, ama-MOOCs kanye nokusetshenziswa kobuchwepheshe kwezemfundo
- Ukuhlola ukufunda okuvulelekile kwezokufundisa nokufunda

Ngijabule kakhulu ngolwazi okuzokwabelwana ngalo kanye namathuba azoziveza ezinsukwini ezimbalwa ezizayo. Kuleyo ngqikithi, kulabo zakwethu okungenzeka ukuba abazi ukuthi le Nyuvesi enkulu kangaka iquketheni, ngivumeleni nginitshele ukuthi i-Unisa iyiNyuvesi enkulu, eqinisekisiwe ngokwezingahle nesemthethweni kunawo wonke kwizwekazi kanti futhi ngokungangabazi ingene yamakhulu kunawo wonke emhlabeni. Yithina kuphela iNyuvesi ezinikele ekufundeni kwebanga eNingizimu Afrika, kanti futhi njengoba benilokhu nizwa i-Unisa ikhulumwa ngokuba yinyuvesi yebanga neyokufunda ngobuchwepheshe bekhompuyutha evulelekile, lokho kusho ukuthi njengazo zonke izikhungo zemfundo ephakeme eziqhamuka nezinto ezintsha nezibhekela isikhathi esizayo, sihambisana nesikhathi futhi siqinisekisa ukuthi umsebenzi wethu nezindlela zokufundisa kusebenzisa ngokuphelele okulethwa ubuchwepheshe, ukuze izitshudeni zethu zivune izithelo zokuba ngabagogodi bekhuluminyaka lama-21 abacijwe ngendlela. I-

Unisa iyinsika eyinhloko emkhakheni wezemfundo ephakeme eNingizimu Afrika futhi ixhaswe nguhulumeni yaqinisekiswa ukuba semthethweni ngendlela efanayo (kufaka kukho nezingahle) emanyuvesi ethu kahulumeni okufundwa kuwo ngokugcwale. Sikhiqiza abagogodi abayingxenyeyo eyodwa kwezintathu eNingizimu Afrika futhi sidlala indima ebonakalayo kubagogodi emazweni amanangi kwizwekazi nakancane emazweni aphesheya. Yilokhu okusenza sihluke kwamanye amanyuvesi. Siwuphawu Iwegama lase-Afrika elaziwa kakhulu.

Ngokuthwala le ngqungquthela, i-Unisa ifuna ukuveza isifiso sayo esibonakalayo sokwabelana nokuhlanganyela nozakwabo nabangani kwizwekazi ngezizathu ezintathu: Okokuqala, uphiko Iwezemfundo ephakeme ezingeni lomhlaba lubonakala luhlakazeka ngokungangabazeki kanti futhi Iwandisa imibono eyahlukahlukene esimweni nasenanini Iweqhaza elidlalwa yinyuvesi nakwezemfundo uqobo. Okwesibili, kuyacaca ukuthi kuyanda emazweni asathuthuka ukuvuseleleka kokuthanda ubuzwe njengoba intsha, ikakhulukazi, ishintsha lokho okuthathwa njengokuyimpoqo maqondana nobubona namasiko, okuqhubekayo nokuhluka kulokho okugqugquzelu ukuba munye, okuveza (ngokwabo) okungathi shu kubona ngoba kungabahlomulisi ngalutho kumbe kungahlomulisi imiphakathi yabo namazwe abo. Okwesithathu, kuliqiniso ukuthi ekubhekeni kabusha okuqhubekayo kwezemfundo ephakeme ngokwezinga lomhlaba wonke, sekugxilwe kakhulu nangokubalulekile ekubhekeni ingaphakathi. Ukukhula kobuzwe, ukwehla kwezinga lezimo zenhlalomnotho kanye nezopolitiki ezishintsha njalo kwenza kucace bha ukuthi okwakubhekwiwe kudala nokuhambisana namasiko kanye nokubambisana ngeke kwaqinisekiswa futhi kungenzeka ukuthi akusasebenzi esikhathini samanje, uma kubhekwa zonke izinto, mhlawube sekufike isikhathni sokuba kwakhiwe ubudlelwano obusha kuhlanganyelwe nomakhelwane nabangani abanamasu nemizamo ethi ayifane neyethu.

Kungukuhambisana nale ngqikithi kanye nesu lethu lesikhungo lango-2030, okuhambisanayo noMthethosisekelo wethu, uHlelo Lokuthuthuka Lukazwelo, iSADC *Protocol*, iZinjongo Zokuthuthuka Ezisimeme (ama-SGD) kanye nezinhlelo ze-AU zezemfundo, ukuba i-Unisa ibone kuyisikhathi esifanele sokuba kumenywe nina nonke ukuba nicabange ngokuhlanganyela ne-Unisa ekufundeni ngezidingo zethu ezifanele kwezemfundo, sibone ukuthi yini esingabelana ngayo maqondana nokusingathana nokusizana kokuphathelene nokuthuthuka. I-Unisa izimisele *ukuba yiNyvesi Yase-Afrika, elola ikusasa egameni lokusiza abantu*, kanti futhi kungenxa yalokhu ukuba sesivule iminyango yethu, izingalo zethu nezinhliziyo zethu sizivulela nina. Sibheke ngamehlo abomvu ukusunguleka kokuhlanganyela okuzoba nemiphumela emihle kanye nobudlelwano besikhathi eside onjongo yakho kungukukhulisa izingahle Iwezemfundo ephakeme njengempahla yomphakathi eligugu, sikhumbule ukuthi ikusasa akusilo elethu. Lingelalabo esibafundisayo nesibalolayo njengamanje.

Bozakwethu, makhosazane namakhosana, umphakathi we-ODeL ngumphakathi okhethekile kakhulu. Ngumphakathi okhathalelanayo noqonda ngokwezinga elisemqoka kakhulu ukabaluleka kwemfundo nesidingo esihambisana nakho sokuqinisekisa ukukwazi ukufinyelela nokubandakanya ka kwazo zonke izitshuden zase-Afrika - ikakhulukazi lezo omathuba azo anemikhawulo ngenxa yezimo ezibhekene nazo. Ngakho-ke, kubalulekile ukuba siqinise wonke amatomu akhona ukuqhuba phambili lolo hlelo olubekiwe. Le ngqungquthela iligxathu elibaluleke kakhulu nelenziwe kulolo hambo oluya ekukhanyeni.

Kungumsebenzi wami ukunamukela nonke futhi, ukunifisela konke okuhle kule ngqungquthela nokumemezelala le ngqungquthela - njengesiqalile.

Ngiyabonga.